

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA**  
**NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMHLONISHWA UMNUZ**  
**WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULWA KWESIMO SIKAMASIPALA**  
**EMPHAKATHINI EPHAYIKENI MHLAKA 08 JUNE 2013.**

Mphathi wohlelo;  
INkosi yesizwe saBentungwa;  
UMeya womKhandlu waseMnambithi uKhansela uMadlala;  
Amakhansela wonke akhona;  
Ubuholi bonke bakumasipala waseMnambithi;  
Ubuholi bamaqembu epolitiki obukhona;  
Izinhlaka zonke zomphakathi ezikhona;  
Bese ngibingelela umphakathi wonke okhona lapha;  
Ngithi sanibonani.

Ngifisa ukuqala ngokubonga ukuthi umuntu athole leli thuba lokuba yingxenye yalo mcimbi esiwuthatha njengowubufakazi balokho esihlale sikugqugquzela kokuthi abaholi ezinhlakeni ezahlukene baqinisekise ukuthi uHulumeni wethu uba nguHulumeni oya kubantu.

Siyanibongela-ke njengomphakathi walapha eMnambithi ngokuthi nakwazi ukuthi uma nithola ithuba lokukhetha ubuholi balo masipala nakhetha abantu abenza njengoba sibona namhlanje.

Njengoba thina silaphaya kuHulumeni wesifundazwe, yinto esihlale siyiqikelela ukuthi abantu kumele baziswe ngezinto ezithinta bona eziqhubekayo eminyangweni kaHulumeni. Kumele babe yingxenye yako konke okwenzekayo njengoba kuyilungelo labo ngaphansi kwenqubo yentando yeningi.

Nangaphambi kokhetho loHulumeni baseKhaya nje ngoMeyi ka-2011, laphaya kuKhongolose saze sakwenza kwawumgomo ukuthi amakhansela ethu kuzomele ahlale ngokuxhumana nomphakathi okungenani kanye ezinyangeni ezintathu.

Lokhu sasikwenza sazi ukuthi igebe ekulethweni kwezidingo liselikhulu. Kodwa futhi siyazi ukuthi uma ubahlonipha abantu obamele njengomholi, kumele uhlale ubazisa ngokwenzekayo. Noma ngabe akukona okuzobajabulisa abantu kodwa ukwazi nje ukuthi kukhona okuyimizamo yokubasiza kuyabajabulisa bese behlalela ethembeni bakwethembe nawe njengomholi.

Ukwenza kunjalo yikona okugwema nalento egcina isibonakala kwezinye izindawo sekubhikishwa kubulawa nempahla kungenasidingo. Kwezinye izindawo abantu baze badlale abanye abantu babatshele ukuthi uHulumeni wabo awenzi lutho kanti yingoba bengenalokahle ulwazi.

Siyazi ukuthi ziningi izinkinga ezisakhungethe abantu abaningi lapha ezweni lethu, okuyinto engadingi nje uHulumeni kuphela ukuba ubhekane nayo kodwa edinga wonke umuntu, zonke izinhloko zomphakathi ukuba zibambisane.

Siyazi sonke futhi ukuthi isikhathi esiphila kusona ezweni lethu sidinga ukuba sisukume sonke sakhe ukuze kusasa umlando ungasehluleli kabi. Kodwa mina engiyaye ngikusho ngokuthi lokho kumele kwenzekwe ngokuthi abantu kube yibona abahamba phambili bakhombise ukuthi bafanele ukulekelelwa.

NjengoHulumeni thina sizibophezele ukwenza konke uma kusegameni lentuthuko nenhlalakahle yabantu bakithi.

Ngithanda ukuthatha leli thuba njengoba kuyinyanga yentsha ngithi ukugxila kubona abantu abasha. Bantu abasha ngifisa ukusho ukuthi siyadabuka nje thina esesibadala ngoba senikhula ngesikhathi esibi lapho kumele nivike izifo ezingelapheki njengengculazi, izidakamizwa, ubugebengu kanye nokunye okuningi okukhubaza inqubekela phambili yenu ngenkathi nikhula.

Kodwa noma kunjalo, iqiniso bantabami lithi kulula ukuphunyuka kuko konke lokhu uma nje nivuma ukwamukela usizo nezeluleko enizithola kwabadala.

Esikufisayo thina ngukuthi njengoba nikhula nje, ningalinge nikhohlwe ukuthi leli zwe lalwelwa kanzima kwafa abantu abanye bagcwala emajele. Ngakho-ke konke esikwenzayo thina sisuke sizama ukunihlakulela ukuze sithi uma siphuma ekuholeni, nina ningabe nisabhekana nobunzima esesike sabhekana nabo.

UHulumeni wesifundazwe salapha KwaZulu-Natal-ke unalolu hlelo olwaziwa ngo-Operation Sukuma Sakhe, phakathi kokunye oyindlela okulekelelwa ngayo intsha yakithi ukuba ikwazi ukusebenzisa umqondo ngendlela efanele uma ibhekene nezinselelo, ithole ulwazi namakhono okuxazulula izinkinga.

Ngalolu hlelo sivula izinkundla lapho kumele nikhulume ngezinto ezithinta nina – kube yinina enishoyo ukuthi kungagwenywa kanjani ukhulelisana kwentsha kanye nezingane, nikhululume ngokubaluleka kwemfundo, izinselelo ezilethwa i-HIV ne-AIDS, ubugebengu, ezokuphepha emgaqweni njengoba zisiphuca intsha yethu mihla namalanga, ukusetshenziswa kwezidakamizwa kanye nokufundiseka ngohlelo lokusoka ebafaneni, bafundiswe ukuthi kusho ukuthini futhi kwenziwelani ukusoka.

Kuningi-ke nokunye esingakuthinta uma kukhulunywa ngokusukuma kwabantu abasha baqinisekise ukuthi isizwe siya phambili. Kodwa engithanda ukukugcizelela ngukuthi ngisho nomlando wepolitiki yaleli zwe uyasitshela ukuthi intsha ilokhu yaba yingxenye yomnyakazo wokulungisa izinto.

Manjena-ke okuthe ukwehluka ngukuthi vele nezinto eziningi esithi ziyonakala, kusuke kuyiyona intsha ehamba phambili kulezo zenzo. Ngakho-ke inselelo ebhekene nani namhlanje ngukuthi kuvume nina kuqala ukuthi kunenkinga okumele niphume kuyona.

UHulumeni owakhe umsebenzi ngukuba anilekelele ekuzikhipheni kuleyo nkinga. Kumele siqale sinibone ngobuningi benu manje nibamba iqhaza ezinhlelweni ezilethwa nguHulumeni ngenhloso yokunikhipha enkingeni yezidakamizwa, ubugebengu nokunye.

Uma ngithinta udaba lwemfundo nje, iNingizimu Afrika iyizwe elibuswa ngentando yeningi, kodwa elisakhungethwe wukungalingani okusadinga ukulungiswa kwakhiwe kabusha. Manje-ke siyavumelana sonke futhi ukuthi imfundo iyona eyisikhali esisemqoka ekwakheni kabusha umphakathi waseNingizimu Afrika.

Njengezakhamuzi zalesi sifundazwe, ngicabanga ukuthi kuyisifiso sethu sonke ukuba sakhe iKwaZulu-Natal enamakhono nemfundo efanele lapho sonke sizokwazi ukusebenzisa lolo lwazi ekuzithuthukiseni kwezenhlalo nomnotho uma sakha kabusha.

Uma ufundisekile wathola ukuqeqeshwa, lokho nawe kukucabela indlela yakho yokuzithuthukisa empilweni. Ukufunda kuyakulekelela ekutheni ukwazi ukuhlukanisa phakathi kwento ezokufaka eweni nezokusiza. Awukwazi ukuvele ukhohliswe wumfana akuthembise izulu nomhlaba kanti ufuna ukuzifezela izinhloso zakhe.

Njengabantu abadala sihlale sikhala ngalesi simo sokuthi kube yithina esingcwaba izingane esikhundleni sokuba zona zingcwabe thina. Kodwa okusikhathaza kakhulu futhi ngukuthi singcwaba izingane zethu ngenxa yengculazi, izingozi zomgwaqo kanye nobugebengu, konke okwenzeka phezu kokuba sizikhuza futhi sizibonisa indlela okuyiyona.

Okunye futhi njengoba ezinye izindawo zethu kulesi fundazwe zinomlando wezimpi okungaba ngezepolitiki noma ezombango ezindaweni zamakhosi, kubalulekile manje ukuba nina enikhulayo ningavumi ukukhula ninamagqubu nenzondo ngezinto eningazi nokuthi kwakubangwani ngaleso sikhathi.

Kuyihlazo ukuthi sisabona lapha ngaphandle kunabantu abasha abakwazi ukuzonda umuntu kokunye baze bambulale ngenxa yokuthi ulandela iqembu elithile lepolitiki, kodwa uthole ukuthi akasazi isizathu amzondela sona ngaphandle nje kokuthi wakhula kuthiwa inhlango ethile iyisitha senhlango ethile.

Nina-ke njengabantu abasha kumele nazi ukuthi indlela eniziphatha ngayo manje yiyona eyosho ukuthi ikusasa lenu liyokuba njani, nanokuthi hlobo luni lwesizwe enizogcina niyisona.

Sithanda ukugqugquzela bonke abantu abasha abalapha ukuba basebenze kanzima ukuzuzana noma ngabe yini abayifunayo empilweni, bakhumbule ukuthi ikusasa labo lisezandleni zabo.

Njengamanje sisemkhankasweni wokugqugquzela asebenelungelo lokuvota ukuba bathathe ama-ID njengoba kuza ukhetho ngonyaka ozayo. Okwamanje ngikhuluma egameni likaHulumeni ngakho-ke anginandaba ukuthi umuntu uzovotela bani. Kodwa okumele sikuqinisekise ngokuthi zonke izimfanelo zikhona kusenesikhathi.

Ngiyobuya-ke ngelinye ilanga sengizonitshela ukuthi kumele niqhubeke kanjani lapho nigcine khona njengoba labo ababegunya lokuvota ngesikhathi sokhetho loHulumeni baseKhaya ngo-2011becacise udede ukuthi bafuna ukuholwa ngubani lapha eMnambithi.

Ngifisa ukuphetha ngokuphinda ngibhekise kuwo wonke amakhansela nabasebenzi bakamasipala waseMnambithi ukuthi ayikho into ebaluleke njengokubambisana ezigabeni zikahulumeni, okungokazwelonke, isifundazwe nowasekhaya.

Sesibonile kaningi kwezinye izindawo kulibaziseka intuthuko ngenxa yokuthi iziphathimandla zakomasipala zikhuluma ulimi olwehlukile kolweziphathimandla zikahulumeni wesifundazwe. Ngakho-ke sinxusa ukubambisana njalo, hhayi ukubangisana.

Mangigcine ngokuphinda ngibonge leli thuba lokuba yingxenye yomcimbi endaweni nami engingowakhona, lapho inkaba yami yasala khona. Ukuthuthuka kwale ndawo kuyangithinta kakhulu nami. Siyabonga Meya nesigungu sakho.

Emphakathini wonke.

**Siyabonga**